**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMHLANGANWENI WONYAKA WE-SANTACO KWAZULU-NATAL NGOLWESIHLANU MHLAKA 20 FEBRUARY 2015.**

Mphathi wohlelo;
UMphathiswa wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo uMnuz Mike Mabuyakhulu;
IMeya yoKhahlamba uKhansela Thulani Sibeko;
Amalungu esiGungu seSANTACO kuzwelonke eholwa uMongameli uPhillip Taaibosch;
Isigungu esikhulu se-SANTACO KwaZulu-Natal eholwa uSihlalo uBoy Zondi;
Ubuholi bososeshini bemboni;
Osomabhizinisi bonke bemboni yamatekisi;
Abamele osomabhizinis ababambisene nemboni;
Izimenywa ezahlukene;
Bafowethu nodadewethu;
Ngiyanibingelela nonke.

Masibonge ukuphinda sithole leli thuba lokuba yingxenye yalo mcimbi obaluleke kakhulu, lapho sibungaza ukuzinikela emsebenzini omuhle okwenziwa yimboni yamatekisi ngaphansi kweSANTACO KwaZulu-Natal.

Lo mhlangano ufika ngesikhathi esibalulekile lapho noMongameli wezwe uMnuz Jacob Zuma esanda kusinika umhlahlandlela ngokumele sikulindele nokumele sikwenze ngalo nyaka ka-2015 njengezakhamizi zalelizwe.

UNxamalala uthe lona ngunyaka wasomqulu wenkululeko nobumbano embhidlangweni wokugqugquzela inkululeko yezomnotho, phecelezi, 'Year of the Freedom Charter and Unity in Action to Advance Economic Freedom'.

Uthe lona ngunyaka wokuba sonke sihambe ibanga elithe xaxa ekwakheni izwe eliphumelelayo, silwe nakho konke okuyizenzo zokungabekezelelani lapho sihlala noma sisebenza khona.

Kuyangithokozisa-ke nami ukuthi namhlanje ngithole ithuba lokukhuluma nabantu vele asebekhombise kaningi ukuthi banayo le njongo, nakuba zikhona iziphazamiso ezibakhona lapha nalaphaya.

Phela sonke siyayazi indlela esesiyihambile ngokubambisana njengoHulumeni nemboni yamatekisi ngaphansi kubuholi be-SANTACO KwaZulu-Natal, ekhomba ukuzibophezela kwenu ekubeni ngosomabhizinisi abahloniphekile nabazihloniphayo kwabona uqobo.

Siyazi ukuthi ngeke le mboni ingabi necashazi, lokhu esithi ibe perfect, kodwa kumele kufike isikhathi lapho emhlanganweni onjengalona singeke silokhu sakhala ngokuthi kunezindawo noma ososeshini abasasibuyisela emuva ngokulokhu belwa bebulalana.

Kuyasiphoxa ukuthi siseza lapha kusenezinkinga koMaphumulo naKwaDukuza ngenxa yemizila, ube ukhona umthetho osetshenziswayo uma kukhona ukungavumelani kwabathile.

Kumele kufike isikhathi lapho sizothi njengohulumeni siqinisekisa ukusebenza kwenu ngaphansi komthetho, nani niqinisekise ukuthi niyawugcina lowo mthetho okungewona owokunihlukumeza kodwa owenzelwe ukusiza ukuba nisebenze ngendlela ehlelekile.

Kumele sikhumbuzane futhi ukuthi konke ukubambisana esikhuluma ngakho kuhambisana nezinqumo ezathathwa kwi-Provincial Taxi Indaba ngoSeptember 2012 eThekwini.

Okunye osesiqalile ukukwenza okuyisinqumo salowo mhlangano, ngukusabalalisa amahhovisi ebhodi ngokwezifunda ezahlukene ukuze kube lula ukufinyelela kunina enithutha umphakathi.

Ngakho-ke kube ngukuvumelana kwethu sonke ukuthi i-Provincial Regulatory Entity (PRE), njengoba ibhodi selaziwa kanjalo, kumele imisebenzi yayo isabalaliswe nezifunda zonke njengoba ibilokhu izinze eMgungundlovu kuphela.

Lokhu kuzosiza nokuthi kunciphe ukukhombana okuhlale kuba khona njalo phakathi kukaHulumeni nabezithuthi zomphakathi mayelana nokungasheshi kokukhishwa kwezimvume.

Ngakho-ke nalo lolu hlelo luwukulethwa kukaHulumeni nemisebenzi yakhe eduze kwabantu, lapho bekhona.

Ngo-October wonyaka odlule saqala sawavula amahhovisi eMpangeni naseMnambithi okumanje asebenza kahle. Njengoba sasithembisile futhi, ePort Shepstone sesiyitholile indawo eBhomela Thusong Centre

okumanje ochwepheshe boMnyango bamatasa nokufaka izinsiza zokusebenza.

NaseMbazwana sisaxoxisana noMnyango waka-COGTA ukuze sithole indawo eMbazwana Thusong Cente, esizoqala ukusebenza kuyona kulo nyaka wezimali ozayo ka-2015/2016.

Ngiyafisa nokusho ukuthi emizwamweni yethu yokuqinisa ukuthula kule mboni, sesinohlelo esavumelana ngalo ne-SANTACO, olubizwa nge-Cooperation Agreement.

Lesi sivumelwano sisisayina nososeshini abanezinkinga ngenhloso yokulungisa indlela abasebenza ngayo.
Phakathi kwezinto lesi sivumelwaoa esiziqukuthe:

- Ukuqeda izinkabi
- Ukucubungula amabhuku nokuqoqwa kwezimali
- Ukucubungula imininingwane yobulungu
- Ukufuna izivimbelo zenkantolo ukuvimba abasebenza ngokungemthetho
- Izinkampani zonogada sifuna zisebenzisane namaphoyisa

Njengoba sithi sigqugquzela inkululeko yezomnotho kulo nyaka, kumele sikuveze ukujabula kwethu njengohulumeni ngegxathu elithathwe yimboni yamatekisi KwaZulu-Natal ngonyaka odlule lapho ikwaze ukuthenga u-10% wamasheya kwa-Halfway Toyota eHowick.

Lesi yisinyathelo esiqinisekisa umbono wethu wokuthi umsebenzi wenu uwumkhakha webhizinisi obalulekile odinga ukuba nisabalale nayo yonke imboni yokuthutha.

Sihlale sikugcizelela njengoMnyango wezokuThutha ukuthi sifisa ukubona ibhizinisi lenu likhula liya nasemabhasini.

Olunye udaba engithanda ukudlula kulona yilolu lokuthuthwa kwezingane zesikole olusanda kuba sematheni kulandela ingozi yaseMbali eMgungundlovu.

Ngifisa ukuphonsela lo mhlangano inselelo ukuba phakathi kwenizokuxoxa, niqhamuke nezeluleko zokuthi nibona kumele lusingathwe kanjani ngaphansi komthetho udaba lokuthuthwa kwezingane zesikole.

Ngaphandle nje kobungozi ekuthuthweni kwabafundi ngamaveni, kuningi ukushayisana okubakhona phakathi komalume nabanikazi bamatekisi kwezinye izindawo.

Mangithathe leli thuba manje futhi ngibonge ngohlelo esenilwenza njengemboni lokuklomelisa abashayeli abenze kahle emikhakheni ehlukene. Lokhu kuzohamba ibanga elide ekukhuthazeni ukuziphatha kahle kwabashayeli, kuqinise ezokuphepha emgwaqeni nobudlelwano obuhle phakathi kwabagibeli nabashayeli.

Uma ngiselapho bafowethu nodadewethu, ngifisa ukunibonga kakhulu emizamweni yenu yokunqanda ukufa kwabantu okungenasidingo emigwaqeni yethu.

Siyawazi umfutho eseniwufakile ukusekela umkhankaso wethu ka-*Operation Val'ingozi.* Siwubonile umkhankaso wenu ka-*Operation*

*Hlokomela* ukuthi usube nomthelela ongakanani ekwehliseni izinga lokufa kwabantu emgwaqeni.

Namhlanje siyaziqhenya ngokuthi uHulumeni akaseyedwa kulo msebenzi wokukhuthaza ukuphepha emigwaqeni ngoba manje sinobuholi embonini yamatekisi obunganqeni ukwenza i-road block ngokwabo bazigadele amalungu abo emgwaqeni.

Ngakho-ke akusekho ukubuyela emuva bafowethu – seniyicabile indlela okumele ihanjwe yizingane zenu uma sezingena kuleli bhizinisi lenu esikhathini esizayo. Ziyobe sezazi ukuthi yini okumele ziyenze ukukhuthaza ukuphepha emgwaqeni ngoba senisukumile nayikhomba indlela.

Njengoba sikhuluma nje namhlanje, nakuba isibalo sabantu abafayo emigwaqeni yethu sisephezulu futhi singemukeleki, zikhona izinkomba zokuthi osomabhizinisi abathutha umphakathi abaningi KwaZulu-Natal bayalisabela ikhwela lokuba bavuselele onembeza babo bazibone njengabantu abaneqhaza ekuphepheni komphakathi.

Siyakuqaphela manje ukuthi sekube nokwehla kwesibalo sezingozi ezibandakanya amatekisi, ikakhulukazi lapho abantu abahlanu noma ngaphezulu belahlekelwa izimpilo zabo engozini eyodwa.

Sifisa nokuqhubeka nokunishayela ihlombe ngomsebenzi eniqale ukuwenza ngonyaka odlule lapho ninikele ngemifaniswano yesikole ezinganeni eziswele lapha esifundazweni.

Ngalokhu nikhombisa ukuthi niyaliqonda iqhaza okumele nilibambe ukusekela izinhlelo zikahulumeni ukuze siyise iNingizimu Afrika phambili.

Ngakho-ke bafowethu nodawethu mangiphethe ngokuthi njengomNyango wezokuThutha KwaZulu-Natal siyazibophezela ukuthi sizoqhubeka sifeze umgomo esibekelwe wona wokuhlinzeka ngengqalasizinda yomgwaqo nokuqinisekisa ukuthi igcinwa isesimweni futhi isetshenziswa ngokuphepha.

Ngalawo mazwi ngithanda ukuphinda ngithathe leli thuba ngibonge ngethuba eninginike lona. Kubo bonke abasebenzisana nemboni abamelelekile lapha, sithi asikho isikhathi ebesingaba ngcono kunalesi ukuba sibambane ngezandla sigqugquzele inkululeko yezomnotho esifundazweni sethu saKwaZulu-Natal nasezweni lonke

**Ngiyabonga.**